rural development
& land reform
Department:
Rural Development and Land Reform
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

agriculture
& rural development
Department:
Agriculture and Rural Development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



# UMKHIQIZO WEZIMBUZI
## ZESINTU

MDUKATSHANI
RURAL DEVELOPMENT PROJECT

Goat Agribusiness Project
KWAZULU-NATAL

HPSA
SOUTHERN AFRICA

ABAFUYI MEDIA

MDUKATSHANI
RURAL DEVELOPMENT PROJECT

Goat Agribusiness
And Community Animal Health Worker Project

HPSA
SOUTHERN AFRICA

rural development & land reform
Department: Rural Development and Land Reform
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

agriculture & rural development
Department: Agriculture and Rural Development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Abafuyi Media

**Property of Abafuyi Media**

# Umkhiqizo wezimbuzi zesintu

1. Izinto ezimqoka ekuphatheni imfuyo
2. Uhlobo
3. Imbuzi ephilile
4. Ukubheka ubudala bembuzi
5. Ukubheka ukunonophala
6. Ukubheka izinga lokushisa
7. Ukucacelwa ngemithi ehlukene
8. Ukujova nokuphuzisa ngendlela efanele
9. Umqhaqhazelo
10. Isifo samaphaphu
11. Uhudo olunamagciwane
12. Amagonwana
13. Ukubheka izimpawu ezi5 zokuhlola izikelemu
14. Izikelemu eziiyizinsungulo kanye nezingamabhande
15. Isikelemu esidla ubuchopho
16. Izilo zesibindi nosu
17. Izimuncagazi zangaphandle
18. Amathumba
19. Amaphuphutheka athathelanayo
20. Isifo semibele
21. Isifo sokuphunza
22. Ukudla izinto ezingafanele
23. Izinkinga zezitshelo ezinobuthi
24. Izinsiza kusebenza kanye nemithi
25. Ukugcina imithi nokulandela iketanga lokubanda
26. Ukuphawula umhlambi
27. Ukuthena
28. Ukusekela amazinyane ngomsoco
29. Ukutshalwa kwefolishi, ukugcinwa kanye nokuphakela
30. Ifomu lokwelapha

Page references in this module are based on Goat Production Handbook

This calendar is not for sale but is distributed as part of a training program. It is available in Zulu and English from the following websites: www.mdukatshani.com or www.gapkzn.co.za or www.hpsa.org.za. It is copyrighted to **Abafuyi Media**.

# Izinto esezimqoka uma ugcina imfuyo



# Izindlela zokuphatha imfuyo

Ukunakekela imfuyo iyona ndlela esebenza ngempumelelo ukuvikela izilwane ukuthi zingangenwa izifo – Izindlela ezahlukene zokunakekela zibaliwe kulomdwebo.

Kubalwe izinto ezi-5 ezibalulekile uma unakekela imfuyo.

Nikeza isibonelo sayo ngayinye nokuthi kungani kubalulekile?

Iziphi ezi-2 ezibaluleke kakhulu ukugcina umhlambi wakho uphilile futhi kungani?

# Uhlobo









## Uhlobo- isigaba 1.1

Iluphi uhlobo onalo emhlambini wakho?

Iluphi uhlobo lwezimpongo olubona emphakathini wangakini?

Ingabe Iluphi ufunzo olungeluhle olungalethwa izimpongo zokufika?

Buyini ubuhle bazo?

Ukuphi okungalethwa uhlobo lwangaphandle?

Iziphi izinkinga okungenzeka zifike nohlobo lwangaphandle?

# Imbuzi ephilile





## Imbuzi ephilile- isibaga 2.1

Iyiphi imbuzi ephilile kulezi?

Iziphi izimpawu zembuzi egulayo?

Uma ubheka isibaya sakho ngabe kuziningi eziphilile noma ezigulayo?

Ngabe wenzeni okuholele ukuthi izimbuzi zaho zigcine zikulesimo?

# Izinto ezi-17 esizibhekayo









# Izinto ezi-17 esizibhekayo

Iziphi izinto eziyi – 6 esizibhekayo ekhanda – ikhombisani ngayinye?

Iziphi izinto ezi – 4 esizibhekayo emzimbeni – ikhombisani ngayinye?

Iziphi izinto ezi – 4 esizibhekayo ohlangothini – ikhombisani ngayinye?

Iziphi izinto ezi – 3 esizibhekayo ezinseleni – ikhombisani ngayinye?

# Ukubheka ubudala bezimbuzi






## Ukubheka ubudala bembuzi -Isigaba 2.2.2

Kungani kubalulekile ukwazi ubudala besilwane sakho?

Uyihlola kanjani iminyaka?

Ngabe buyini ubudlelwano phakathi kweminyaka nempilo yesilwane?

# Ukubheka ukunonophala



# Ukubheka ukunonophala- Isigaba 2.2.3

Kungani kubalulekile ukwazi izinga lokunonophala kwesilwane sakho?

Ingabe izinga ngalinye likuchazelani ngesilwane sakho nempilo yaso?

Buyini ubungozi bokukhuluphala ngokweqile kwesilwane?

# Ukubheka izinga lokushisa nesisindo sembuzi yakho







## Ukubheka izinga lokushisa - 2.2.4

Kubaluleke ngani?

Iziphi izinto ekufanele uziqikelele ngaphambi kokuthatha izinga lokushisa?

Iyiphi indlela engcono yokuthatha izinga lokushisa?

Ayini amazinga okushisa ezilwane ezahlukene?

Uma isilwane sinezinga lokushisa elingafanele, kusho ukuthini?

Uma sishisa ngokujwayelekile kodwa sikhombisa ukugula, kusho ukuthini?

## Ukukala isisindo- 2.2.5

Iziphi izindlela ezahlukene zokukala imbuzi?

Imaphi amaphutha ongawenza ngesikhathi ukala imbuzi yakho?

Kubaluleke ngani ukwazi isisindo sesilwane sakho?

Chaza izitebhiso okumele uzilandele uma ukala imbuzi.

| Umkhomba ndlela | | |
|---|---|---|
| | Amazinga | |
| Izinkomo | 38 | 39 |
| Izimbuzi | 39 | 40 |
| Izinkukhu | 41 | 43 |
| Izimvu | 38 | 40 |

# Ukucacelwa ngemithi ehlukene


















# Ukucacelwa ngemithi ehlukene- isigaba 2.2

Imiphi oyaziyo kulemithi?

Yini umsebenzi wawongamunye?

Yimiphi ongayisebenzisa kuziphi izinkinga?

Yini umehluko phakathi kwe-LA ne Short Acting?

Imiphi kulena ongagoma ngayo?

# Ukujova nokuphuzisa ngendlela















# Ukujova ngendlela efanele- 2.2.7

Kunini lapho ojova khona esicutshini/ngaphansi kwesikhumba?

Ujova kuphi nendawo esicutshini/ngaphansi kwesikhumba?

Kwenzekani uma ujova umuthi omningi endaweni eyodwa?

Kwenzekani okanye kukuchazelani uma uthi uyajova kubuye igazi?

Engabe bukhona obunye ubungozi okufanele ubuqaphe uma ujova?

Wenzenjani kulendawo usuke uqeda ukujova kuyo?

# Ukuphuzisa ngendlela efanele-2.2.8

Ungasebenzisa liphi ithuluzi ukuphuzisa?

Uphuzisa kanjani ngendlela efanele?

Kwenzekani uma uphuzisa ngendlela engafanele?

# Umqhaqhazelo











# Umqhaqhazelo - Isigaba 3.1

Ngabe ukewasibona lesisifo kulendawo?

Ngabe lesisifo sihlasela ezezinsikazi noma ezezinduna-ezindala noma ezincane?

Ngasiphi isikhathi sonyaka obona ngaso umqhaqhazelo?

Iziphi izimpawu zalesisifo?

Ikuphi okokwelapha kwasendaweni?

Ngabe sibangelwa yini?

Ungasivikela kanjani?

Ungaselapha kanjani?

Ibuphi ubungozi ngokuthatha izimbuzi endaweni engenawo umqhaqhazelo uziyise endaweni enalesisifo?

# Isifo samaphaphu









# Isifo samaphaphu-Isigaba 3.2

Ngabe ukewasibona lesisifo kulendawo?

Ngabe sivame kweziyizinduna noma eziyizinsikazi-kwezindala noma kwezincane?

Ngasiphi isikhathi sonyaka obona ngaso isifo samaphaphu?

Iziphi izimpawu?

Ikuphi okokwelapha kwasendaweni?

Sibangwa yini?

Ungasivimbela kanjani?

Ungaselapha kanjani?

# Uhudo olunamagciwane










## Uhudo olunamagciwane- Isigaba 3.3

Wazi kanjani ukuthi lolu uhudo olunamagciwane,izikelemu noma uhudo olujwayelekile?

Ngabe ukewalubona uhudo olunamagciwane kulendawo?

Iziphi izimpawu ozibonayo? Ngabe uhudo olunamagciwane luvame kwezezinduna noma kwezezinsikazi-ezindala noma ezincane?

Ngasiphi isikhathi sonyaka obona ngaso loluhudo olunamagciwane? Lubangwa yini? Luthelelana kanjani?

Iziphi izindlela zokwelapha zasendaweni?

Ungaluvikela kanjani? Ungalelapha kanjani?

# Amagonwana



## Amagonwana- Isigaba 3.4

Ngabe uke usibone yini lesisifo kulendawo?

Ngabe sihlasela ezezinduna noma ezezinsikazi-ezindala noma ezincane?

Iziphi izimpawu zaso?

Sijwayeleke ngaziphi izikhathi zonyaka?

Ikuphi okokwelapha kwasendaweni?

Sibangelwa yini?

Sivikelwa kanjani?

Ungaselapha kanjani?

Ngabe siyathelelana phakathi kwezimbuzi?

# Ukubheka izimpawu ezi-5 zokuhlola izikelemu













# Ukubheka izimpawu ezi-5 zokuhlola izikelemu - Section 4.1

Kubaluleke ngani ukuhlola lezimpawu?

Ubhekani kwindawo ngayinye oyihlolayo?

Ingabe indawo ngayinye iwuphawu lwani?

# Izikelemu eziyizinsungulo kanye nezingamabhande






# Izikelemu eziyizinsungulo kanye nezingamabhande - Izigaba 4.1

Ngabe izikelemu zivela ngokwendalo?

Yini ekwenza uqaphele izikelemu?

Ubona ngani uma sekukhona izikelemu?

Uzibona nini? Ikuphi okokuzilawula kwasendaweni noma imithi?

Ngabe ujwayele ukuwuphuzisela izikelemu wonke umhlambi wakho?

Ingabe usebenzisa imithi ehlukene kwizikelemu eziyizinsungulo nakwezingamabhande?

Ingabe uphuzisa lezo ezinenkinga noma uphuzisa umhlambi wonke? Ngabe kunezikhathi zonyaka lapho ziyinkinga kakhulu okukanye zingcono khona?

Ngabe zisabalala kanjani?

# Isikelemu esidla ubuchopho











## Isikelemu esidla ubuchopho -Section 4.1.3

Siyakubona yini emhlambini?

Iziphi izimpawu ezikhombisayo imbuzi enalesisifo?

Ngabe sisabalala kanjani?

Ngabe ikuphi okokwelapha kwasendaweni?

Zibangelwa yini?

Ungazivikela kanjani?

Ungazelapha kanjani?

Bangatheleleka yini abantu ngezikelemu ezihlasela ubuchopho? Uma kuwuyebo, kanjani?

# Izilo zesibindi nosu
















## Izilo zesibindi nosu - Isigaba 4.1.4

Ngabe uke wazibona lezi zimpawu embuzini yakho?

Iziphi izilo enike nizibone?

Iziphi izimpawu?

Ikuphi okokuzilawula noma imithi yendawo eniyisebenzisayo?

Engabe usebenzisani?

Ungabe uphuzisa lezo ezinenkinga noma uphuzisa umhlambi wonke?

Ngabe kunezikhathi zonyaka lapho ziyinkinga kakhulu okukanye zingcono khona?

Ngabe zihlala kuphi futhi zisabalala kanjani?

# Izimuncagazi zangaphandle

















# Izimuncagazi zangaphandle- 4.2

Iziphi kulezi oke wazibona embuzini yakho?

Iziphi kulezi eziyinkinga kakhulu emhlambini wakho?

Ziyini izimuncagazi zangaphandle?

Zijwayeleke kangakanani endaweni yakho?

Iziphi izimpawu oye uzibone ngotwayi? Ngethuku?

Iziphi izikhathi zonyaka oye uzibone ngazo?

Yini oye uyisebenzise ukuzilawula?

Yini oye uyenze ukuzigwema?

Yini oye uyenze uma sezibhedukile?

# Amathumba













# Amathumba- Isigaba 5.1

Ukewasibona lesisifo ezimbuzini zakho?

Iziphi izimpawu zalesisifo?

Sibangwa yini?

Ungasivikela kanjani?

Ungaselapha kanjani futhi nini?

Ungakuvikela kanjani ukutheleleka kwezinye?

Uma uqeda ukuhlanza ithumba ubomvu ubulahlaphi?

# Amaphuphutheka athathelanayo







# Amaphuphutheka athelelanayo- Isigaba 5.2

Ukewasibona lesisifo ezimbuzini zakho?

Iziphi izimpawu zalesisifo?

Zibangwa yini izifo zamaphuphutheka ezahlukene?

Sijwayeleke ngasiphi isikhathi sonyaka?

Ikuphi okokwelapha kwasendaweni?

Ungasivikela kanjani?

Ungaselapha kanjani?

Ungakuvikela kanjani ukutheleleka kwezinye?

Sisabalala kanjani phakathi kwezimbuzi?

# Isifo semibele








# Isifo semibele- Isigaba 5.3

Ukewasibona lesisifo phambilini?

Kwenzekani uma singasheshanga ukwelashwa?

Sibangwa yini?

Ungasivikela kanjani?

Usihlola kanjani?

Ungaselapha kanjani?

Ungakuvikela kanjani ukutheleleka kwezinye?

# Isifo sokuphunza









# Isifo sokuphunza - Isigaba 5.4

Ngabe uye ukubone lokhu kwenzeka emhlambini wakho?

Sijwayeleke ngasiphi isikhathi sonyaka?

Ngabe kubangelwa yini?

Ungasivikela kanjani?

Ungawuvikela kanjani umhlambi wakho kulesisifo ?

ISIXWAYISO - lesisifo siyathelelana nakubanthu. Igciwane lokuphunza okuthathelanayo lingelinye lazo. Sebenzisa amagilavu (gloves) uma uthinta umphunzo kanye nomhlapho ukuvimbela ukutheleleka.

# Ukudla izinto ezingafanele









## Ukudla izinto ezingafanele - Isigaba 6.1- 6.3

## Isifo sokuqunjelwa, isifo sezinso and uhudo

Yini inkinga engabangwa ukudla kakhulu, kancane okanye ukushintsha ukudla?

Iziphi izimpawu zalesisifo?

Ungakwazi yini ukuthola ukuthi yini inkinga ngokusihlinza?

Ungenzani ukulawula isimo uma sibhebhetheka?

# Ukudla izinto ezingafanele noma ezinobuthi - Cont.











## Ukudla izinto ezingafanele noma ezinobuthi - Isigaba 6.5 & 6.6

Uke wabona lokhu kuziphatha okanye lezimpawu?

Kungani zenza kanjena?

Kuyingozi ngani lokhu emfuyweni yakho?

Ungasivikela kanjani?

Uma izilwane zidla uplastiki, yini engenziwa ukwelapha lokhu?

Zikhona lezitshalo ngakini?

Lezitshalo ingabe ezomdabu noma ezokufika?

Ngasiphi isikhathi sonyaka okubonakala ngaso lesisimo?

Lokhu kunamthelela muni emfuyweni yakho?

# Izinkinga zenselo









# Izinkinga zenselo- Isigaba 6.7

Iziphi izinkinga zezinselo eziphatha izimbuzi?

Ibangelwa yini lenkinga?

Ungayigwema kanjani?

Ungayelapha kanjani? Ungaqaphelani ngalokhu?

Kuthathelana kanjani phakathi kwezimbuzi?

# Izinsiza kusebenza nemithi






# Izinsiza kusebenza nemithi- Igaba 7.1

Shono ziyini lezizinto?

Ezokwenzani?

Ungayithenga kuphi lemikhiqizo?

Kufanele uyigcinekanjani lemikhiqizo?

Iluphi ulwazi olubalulekile ekufanele ulwazi olusebhokisini/ebhodleleni?

# Ukugcina imithi nokulandela iketanga lokubanda














# Ukugcina imithi nokulandela iketanga lokubanda - Isigaba 7.2 & 7.3

Uluthola kuphi ulwazi lokuthi imithi ngokuhlukana kwayo kufanele igcinwe kanjani?

Wazi kanjani ukuthi umuthi awukaphelelwa isikhathi?

Kungani iketanga lokubanda libalulekile?

Isiphi kuleziqandisi ongasisebenzisela ukugcina imithi?

Ingabe iyiphi indawo ebanda kakhulu noma kancane kusiqandisi?

Ikuphi ongakuphatha ngalezizinto ezahlukene – umuthi okanye umgomo?

Ingabe zigcina izinga lokubanda isikhathi esingakanani?

# Ukuphawula umhlambi



# Ukuphawula umhlambi- 8.1 & 8.2

Yini okudingeka uyenze ukuze uthole isitifiketi sophawu lwemfuyo?

Buyini ubungozi bokungabi nalo uphawu olugunyazwe uhulumende?

Ungasebenzisa yini icici noma ukusika indlebe njengophawu olusemthethweni?

Ingabe idiphu lakho lunalo uphawu lwediphu futhi ungalusebenzisa kanjani?

Ingabe unaso isitifiketi sethathu?

Kubaluleke ngani ukuba nezakho izinombolo zethathu?

Ungazi thenga kuphi?

Iziphi izingxenye zomzimba wesilwane ongafaka kuzo ithathu?

Ingxoxo ngezitebhisi zokwenza ithathu

# Ukuthena










# Ukuthena- Isigaba 8.3

Kungani kubalulekile ukuthena?

Ngabe iziphi izindlela ezahlukene zokuthena esizaziyo? Buyini ubuhle nobubi bazo?

Uzikhetha kanjani okufanele uzithene?

Ulindele ukubona muphi umehluko phakathi kwezitheniwe nezingathenwanga?

Kufanele usiqaphele isikhathi esingakanani emva kokusithena?

Wazi kanjani ukuthi ukuthena kube yimpumelelo?

Yisiphi isikhathi esikahle sobudala sokuthena?

Izitebhiso zokuthena

# Ukusekela amazinyane ngomsoco









## Ukusekela amazinyane ngomsoco - Isigaba 12.4

Ingabe unayo inkinga yokufelwa amazinyane?

Ingabe ajwayele ukufa kakhudlwana ngasiphi isikhathi sonyaka?

Afa enesikhathi esingakanani?

Ngokwazi kwakho abulawa yini?

Engabe zikhona izindlela zokuvikela ukufa kwawo?

Ungaqala ukuwaphakela enesikhathi esingakanani?

Ungawaphakelani etshalwa endaweni?

Buyini ubuhle bokuthi amazinyane akwazi ukuzingenela aziphumele kalula endlini yawo yokuphakela?

Buyini ubungozi nezinkinga ongazibona ngokugcina amazinyane endlini yokuphakela?

Ibuphi ubuhle bokugcina amazinyane endlini yokuphakela?

# Ukutshalwa kwefolishi, ukuligcina kanye nokuphakela













## Ukutshalwa kwefolishi, ukugcinwa kanye nokuphakela

Kungasiphi isikhathi sonyaka lapho zilambe kakhudlwana?

Ingabe iziphi ezishayeka kakhulu emhlambini nezishayeka kangconywana?

Iziphi izinsalela zezitshalo ezingaqoqwa endaweni yangakini?

Kungafanele ziqoqwe futhi zigcinwe kanjani?

Kulekelela kanjani ukusekela ngokuphakela izilwane zakho?

Ungazigaya kanjani ukuze zidle kalula?

Buyini ubungozi bokuphakela ukudla okokuqala ezilwaneni zakho?

# Ifomu lokwelapha

**CAHW work sheet**
**CAHW name___________**
**Area of work ____________**

| Date | Name of farmer | Identification of animal tattoo etc | Type and Weight of animal | Famaacha and temperature | Treatment or intervention type | Type of medicine used | Dosage used | Dosage cost | Total Charged to farmer | Cell phone of farmer | Farmer signature |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| | | | | | | | | | | | |
| | | | | | | | | | | | |
| | | | | | | | | | | | |
| | | | | | | | | | | | |
| | | | | | | | | | | | |
| | | | | | | | | | | | |
| | | | | | | | | | | | |
| | | | | | | | | | | | |
| Total | | | | | | | | | | | |

Igama le-CAHW: ____________________________________________ NGO/Govt official: ____________________________________________________

# Ifomu lokwelapha

Kungani kubalulekile ukwazi ukuthi lisebenza kanjani ifomu lokwelapha?

Ubani obamba liphi iqhaza ukuligcwalisa?

Yini esingayibona noma siyikale ngokucubungula lelifomu?

Kungani kubalulekile ukuliqonda nokulilandela lelifomu?